BONKE ABANTU.

Bayazi ukuba **Otukululayo** umuti opambili kubo bonke abawu sebenzisayo. Nanku ke omunye osebenza isimanga njengaye umatukulula.

Umuti - - - Wezilo

Hartley's Oriental Vermifuge.

Niyobona nge Ndhlovu kuwo onke amagabha.

Niyobona nge Ndhlovu kuwo onke amagabha.

UMAQOTULA.

Umuti Obomvu Wezilo Ezibomvu, ka Hartley.

Ungapezu kwayo yonke eke yenziwa, ulunge kubantwana abangapansi kouyaka bezelwe, nasebeqinisi, amabhungu namaqikiza, kuze kube kwesinedolo, nomtata wexegu. Bonke abangawupuza ungabenzela umangaliso.

Uma ngabe unazo izilo, utyaya uqotule zonke ezikona (umaqotula).

Uma bezinga kabiko azi qupinde zibekona, ngendlela emangalisayo osebenza agayo emzimbeni nase mushini wesisu ogaya ukudhla.

UMUTI OBOMVU KA HARTLEY wenziwe kuhloswe izilo ezibomvu, ngako uzibulala zonke izinhlobo ezikona ushaule nezimhlope noma ilupi uhlobo.

Ningageji ukuba naye i HARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE.

Uyobona ngegama neNdhlovu kuwo onke amagabha.

Uma abantwana bako bengancibiliki usolela kuzo ezibomvu, bapuzise uMaqotula bayoncibilika masinyane. Noma zingeko kuhle ubapuzise umaqotula ka Hartley, ahlanze yonke into embi emzimbeni nase siswini. Bakule kenempilo enhle, benamandhla, amadoda anezikwepa nabesifazana abaqinile.

Inani NGEGABHA 1s.

Utunyelwe ngePosi 1/3.
Amagabha amatatu 3/6 sekuhlangene ngePosi.
" ayisitupa 6/6 " "

Una utunyelwa eRhodesia nase Bheshwana, kufuneka u6d. ngapezulu ngeposi kwala manani angenhla.

TUMELANI IPOSTAL ORDERS KU—

Mr. A. H. TODD.
(UMENZI KA MATUKULULA)
RED HILL. Natal.

Kungase Kugcine Ngoku kubulala Njalo.

Lobo buhlungu obubulala yo emhlana buvela ezinstwe ni. Zise zansi nomhlonzo. Buyi siyalezelo sokutsho ukuti kukona okonakeleyo futi isiyalezelo esesabekayo, ngobaku uma izintso zigu la zitekatu igazi esikundhleni sokuba zilihlambulule.

Uma wonke umkuhlane ulimaza emhlane nasemanzi ni, noma uma ukataswa no ma intoni osuke uyilinga, sale se uzazela ukuti izintso zako zidinga ukuqashelwa masinyane uma kakunjalo izibonakaliso eze sabekayo masinyane ziyo bonakala. Uyozizwa udangele wazelo nje ngoku ngemvelo; kuya ba kona ikunkulo, naso sifa manzi nobuhlungu emqolo kuyobonwa amatshana ama ncane emtshobingweni, kuba kona nokukatazwa isinye oku ngenakubekezeleka.

Ama Pills ka Doan Omhla na neZintso analawo ma ndhla apilisayo anobuti izi ntso ezikudingayo, azako kahle izintso, azisize ukuba zikipe inzikana emanzanesi ngena nasebenzi nenokubulalayo ok uba se mtshobingweni. Alungile kubo bonke abesili isa nabesfazane, kwabadala nabatsha

Kuwo onke ama Kemisi nase Zitolo, utengwa ngo 3s 3d. ibokisana, aba isitupa ngo 17s. nokuba utumele kuwo abaniniwo abati ngo kwamkela kwaho inani lelo bakutumele ungabe usakoka luto ngeposi so Foster-Mc Clellan Co., P.O. Box 1297. Cape Town.

INTO YOKUPEPELA.

Isirudo segazi siyavama ukuba singelapeki ngalenyanga. Njalo ke hlala uhlomile, iChamberlain's Colic, Cholera, ne Diarrhoea Remedy, auze ungehluleka. Iyo'nto yokuba umuntu apele kuyona. Utengiswa yibo bonke.

Sapumapi Tina?

UKUHLAZULULA UHLANGA.

Kukuzo lezo zinsuku ke uTshaka owatuma ngazo uSotobe ka Mpangalala, wakwa Sibiya kwaGuza, owabe induna enkulu; wati ake ahambe ayombonela lapa kupuma kona abelungu ukuti kunjani, isizwe esinjani, nokuti bangakanani ubuningi bwabo, nokuhlakanipa kwabo, loku nangu ebona laba asebehlezi naye behlakanipe kangaka njena na? Utunywa njalo uSotobe lona, uTshaka usebaqambile igama wati nga"balumbi," elabuye laguqulwa ngabantu bati nga"balungu"; ingati yena wab'eti nga"balumbi" njalo, etsho ngoba eti balumba izinto ngokuhlakanipa, ebona imisebenzi yabo ababeyenza emehlweni ake. Kwaziwa ngabantu bonke loku, ukuti, ukuba uTshaka kabambulalanga, izwe lakwaZulu, laliyakukanyiswa, lalingayikuba yiloku eliy'iko—ukuhlala ebumnyameni lapa kuloku kwahlwa kona imihla ngemihla, imini nobusuku.

Kuleso'sikati wabe es'ake amakanda amakulu okuhlala amabuto—oKangela, naoDukuza, naoMbelebele, naoBulawayo, naoBusuku, naoSiklebhe, namanye nje amaningi, ngoba pela izwe lonke laseligcwele amabuto. Waya wazidhla kubeSutu, bakwa Sigonyela; nabakwa'bani, nabakwa'bani. Wazidhla eSwazini, kodwa amaSwazi azisiza wona ngokungena emgedeni emhlumeni. Waya wazidhla kuNomagaga kaNsele, inkosi yamaKuze akwaDhlamini; mdhla iti impi ihamba is'idukile ebusuku, yaqabuka is'izwa iqude lenkuku likala. Niyaziswa nazo izibongo zake zokuti:—"Ohlasele ngomnyama ku'Nomagaga, lafik'iqude lamvimbela". Mzuku amaKuze elwa impi eyesabekayo; po, ekwenzelapi kwona loko; ukugcina impi yabacita ci; loku hab'ake lapa ngaa'mSinga pezu kwoaZinyati, lapa sekwake imizi yamadoda nabazukulwana bake. UNgoza ka Ludaba wakwa Majozi namhlanje ngas'emSingu pezu kwomZinyati, entsholanga kwawo.

Kukuzo lezo'sikati-ke okwabaleka ezo uNgoza ka Mkupukeli inkosi yaba Tembu, noMacingwane ka Lubhoko inkosi yamaCunu, kanye namanye amakosi, awabaleka aqonda entshonalanga, ngakwelas'eKoloni; njengoba izifunda zabo zikona lapo nanamhlanje. EsakwamaFuze sodwa, sika Mavuso kaMaraule, esingalapo nje esingabalekelanga uTshaka; esabaleka ngokuduba, ngenxa yomkuba omubi owenziwa nguMaraule, wokuzama ukukipa umntwana wakoka Zihlandhlo, unina owabe ebekwe yisifunda sonke. Okwati ngaloko'kwenza kwaxabana amaFuze, onke atukutelela uMaraule. Wemuka-ke uMaraule waqonda entshonalanga. Kuleyo'nkati-ke wabe engakaveli uTshaka, kwakusabusa uSenzangakona kwaZulu.

Ezase Groutville.

Umshini wama Feshimana usuyekile ukugxoba umoba wama koywa.

/o/

Kusandu kubulalana abafana bebanga intombi. Ababili behlanganyele omunye oku uyena wayehamba nayo; uyatata lo ohamba nentombi uvula igotshwa, Mpande, wasimeze wabajuqaju q i nje.

/o/

Omunye wapela kona lapo, loku kwa kuhlwile njalo. Sekuyapinda ukuba kuciteke igazi ngenxa yentombi.

/o/

Luhambile umenyano njengoba belu hlangene lapa, lufike lwatola obafazini baba batatu abazihlanganise nalo, Chief Martin Lutuli Messrs. Mjantshi Mvuyana no Johannes Nxaba. Sebezoba haningi oShembe.

(KU MHLELI WE "LANGA")

Mngane,—Njengokuba ipepa lalazi ukuti kovulwa indhlu Emgenyane School, kwangenake umhlangano kusasa ngo 7, kwatandazake umshumayeli wakona. Ngo 7 kwabuye kwalanda elinye ilunga ukwakiwa kwendhlu, igama lake uHerod Dhlamini, inkonzo yava lwa yakusasa ngo 11. Yabuye yangena inkonzo yokutandaza. Kwatandaza uAaron Ndhlovu; ngasemva kwaloko kwakulunywa nebandhla lakona Emgenyane ngokuvulwa kwendhlu. Sekuku lunyiwe nebandhla inkonzo yavalwa ka 11 kwapunywa. Kwabuywake ngo 3 sekuzovulwa indhlu. Yavulwa nge gama lamashumi amatatu nesitupa uJehova unamandhla. Yavulwa Indhlo ndhlo engenagxebe Dube endhleleni kwahlatshelelwa igama lokuti uJehova useTempelini lake. Kwafundwa incwadi yamaKosi isahluko 9. Abantu ababe kona 170 izingane ziu 20 kwakukona zonke izikole. Indhlu leyo ingangena amakulu ngamakulu. Inkulu kakulu kwabuye kwangena isitebe seNkosi abantu abangena ebandhleni kwangena ishumi nantatu 13 abadala, izingane 4.

Yimi,
H. SWANA NGIDI.
Emgenyane School,
Hilton Road.

ISAZISO.

Ngazisa bonke abantu bakiti ukuti bonke abatanda ukwenzelwa izinto zasezindhlini, banga leto ama order abo noma bangabhalela kimi. Izintok, engi naso zimi kanje:—

Dovetail Cloth boxes, Church benches, Tables, Round Tables, Chest drawers, Wardrobe, Dressing Tables, Looking Glasses, Picture frames, or framing the Certificates for the Teachers, Sofa, Chairs, Beds, Window frames, Window casement, ready made with the Glasses, Complete, Door frames, panel Doors, Glass Doors, and second hand irons and deals, for the building, Writing desk for she Teachers, bonke abafuna ifenisha (furniture) yemishado banga leta ama order abo. Nabafuna ukwa kelwa izindhlu, nga manani apansi nje. House building, Brick Mackers, and kilu builders Drawing, and the house plans. First Class Work.

Ishabhu (Shop) lenu lingaku,
5 Turners Avenue Berea Road, Durban. Noma isipi isikati bhala uyi qondise ku

A. P. KHUTTISE,
Fire Wood Seller
Native Market,

IMIFANEKISO.

Emihle, emikulu ka Solomon ka Dinuzulu ingatolwa ngofagolweni. Ilungiswe kahle kuma Cards amakulu awenziwe ngobunono. Iwona owatateka kahle umfanekiso wendhlalifa ka Dinuzulu.

Tumelani ufagolweni ngePostal Order ku

A. H. TODD,
Chemist,
Red Hill, Natal.

Wanted

Certificated teacher (Male) to take charge of School in Matebeleland, London Missionary Society. Salary £72, house and gardens. Apply to: REV. BOWEN REES, INYATI, SOUTHERN RHODESIA.

UKUDANGALA.

Abantu bahlala iminyaka emininga bezizwa ukuti badangele nasemehlweni abasaboni, ikanda selihlala linzima usuku lonke, nomcabango usudiniwe, umzimba wonke usuke ufeji. Musani ukukwedelela loku kuyingozi. Kepa zilungise ngo Chamberlain's Tablets. Kuyalapa ukudangala, kodwa yelapa umzimba wonke. Utengiswa yibo bonke.

AMANZIMTOTI INSTITUTE.

Next Term begins February 2nd, 1916. Applications for admission should be made at once to,

REV. A. E. LeROY,
Adams M.S., Amanzimtoti.

ISAZISO

Kukona umhlaba engitengisa ngawo ungu 116 acres ngibiza opondwe ababili neshumi losheleni nge acre otanda ukuzwa kahle ngawo malobele mina ngotokoza ngokumpendula ngakokonke akubuzayo lomhlabati use Georgedale esifundeni sase Camperdown.

Yimina owako,
CHRISTIAN LUTAYI.
Georgedale M. S.,
Cato Ridge.

South African Native College.

The College classes will be opened on Wednesday, 23rd February, 1916.

Copies of the Form of Application and of the Prospectus which gives particulars of Entrance Qualifications, Courses of Study, Terms and Fees, may be obtained from the Principal, South African Native College, Fort Hare, Alice, C.P.

ALEXANDER KERR.
Principal.

Wanted

Certificated Teacher for School at Tembalihle, near Estcourt.

Apply to:
Rev. W. WILCOX,
Estcourt Private Bag.

UKONAKALA KWEZISU KUBANTWANA.

Ngesikati sase hlobo nje kodingeka ukuba onina bezingane laqapelisise ukonakala kwezisu zabantwana babo. Uma kusheshe kwaputunywa ngalomuti izingane zingapepa engozini evezwa isisu. I Chamberlain's Colic Cholera ne Diarrhoea Remedy iwona muti ongase ukusize noma ingasipi isikati: Utengiswa yibo bonke.

IBHANGE laBANTU eTekwini.

LIKU

321 Smith Street, Durban.

Nanso intando, Zulu, ase Tekwini. Namhla nivulelwe Bhange lokuba nolinde imali yenu.

Okuhle kakulu limelwe abantu bakini abapambili, abanye babo ilabo enibaziyo abamele eliseGoli elipetwe uMr. Jeremiah Langeni. Lipetwe inkampane yinye na o lelo.

Okuhle kakulu ke i Bhange livumela ukuba umuntu aqale ngemali epansi ukuyilonda kulo ezengo 5s. Akona amabhokisana atengwa ngo 5s; umuntu abe eyatoe ukwana angamsebenzisiyo okwabeso sikati amponse kona alitate aliyise eBhange, bamvulele iyapuma isiumtanwana. Iqaleke ukuba inikeze inzalo enhle. Noma inini imali oyifaka kona ikunikeza inzalo enhle ngaso leso sikati.

Nofumana umuntu wakini oqale ukuba kona ngo September 1, uMr. Philemon Zamowako Lutuli, indodana ka Chief Philip Mhlanumpofu Lutuli, Inkosi yase Mvoti (Groutville) ongaseko. Nguyeke onikwe lomsebenzi, okunguyena ezakunanakela anilungisele.

Nantoke iBhange livulelwa egameni lenu, Zulu, lipetwe abantu bakini.

Kungenwa ngomnyango obhalwe ngesintu oti:—"IBHANGE LABANTU."

Imali yako ungayikipa noma yingalupi usuku mhla uyidinga.

Londani imali yenu, niyeke ukuyicitela ezeni. Isizwe esingenaBhange ainamkuba. Namuhla nanso intando!

"Ukwonga loku kuhle kubi. Ukwonga okusileyo kuyatuseka; ingani ukwonga okukomba ukuti kuyogcina ngobugcwelegcwele bwemalinje, kuyasoleka. Akuqulwa ukuti abebili abake umuzi ab'ongayo bahlala kahle kakulu kunabahlapaza abakutolayo. "Labake abalinakile ingomso isaga sabo wukuti "Ingomso liyanzibhekela."

Abatateneyo abasebasha ka sweleke bahlinzeke ukuna kwezulu; abanakuhlala kahle bancibilike, baneliswe inxa bengenzi njalo. Nempelu ebuncaneni umuntu unamandhla okudhla ubumnandi bomhlaba; kantike unamandhla angadiugiyo ukubhensisa umzimba nje, kungako unamandhla kangcono okuzibekela lapo esemncane. Kona nje, ukwazi ukuti bayoba namandhla okuhlab'ipika lapo sebekulile kuyisiduduzo esikulu kubantu abatateneyo abancane; uto abahlala bebuka lona, kantike ukwonga kungakufeza loko. Nangapandhle kwaloko nje kuyinto emnandi ukwazi ukuti ulonda imali. Inkosikazi iye itokoze kakulu uma ingase ihlelele ukuba okuncane kubekwe, kwakutola nyangazonke, okungosiko pela ukuti iyobekwa ngokuziguba okokumpata kahle, kwazise loko kusondelene nobunja, ukwonga ke nobunja akuhlangene ngaluto. Ukwonga okuyikona, kuzala ukuncibilika, nokuhlala kahle empilweni yokutatana; ukwonga okudedelwa kwehlele ebugcwelegcweleni bwemali nje kuzala usizi noma umuntu eshalile noma eyedwa."

Futi kuleli Bhange umuntu angatumela imali noma yipi.

IBHANGE LABANTU

THE **Colonial Banking & Trust Company of South Africa, Ltd.**

321 Smith Street,
Durban.

Kwigazi Ubucopo Nemitambo.

OKONA KUDHLA KUNEMPILO KUKONA KONKE I VIRATA.

Kwi Virata umupilisi ngezinsuku ezi ishumi kutolwa ukudhla oku isimangaliso okondhlayo nokomelezayo ekwakiweni kwemitambo. Uma amadoda nabafazi bezizwa "bepela amandhla" bebutaka, bengatoli ukujabula betyetya ukutukutela, bengenako ukwenza imisebenzi yabo kahle, kulapo i Virata iziboonakalisa kona izabiso layo ngokupinda ibatolise impilo enhle. Ukwakiwa kwemitambo, oku Ubucopo Nemitambo eya kuzona zonke izindawo zomuzimba, iba butaka ngapandhle koba inikwe okona kudhla ku ukuko nokunonisayo poke eyona nto inzima kube ukulungisa loku kudhla kumbe umuti kube kokuya kungena kufunxwe umzimba. Emuva kweminyaka eminingi yokufunda nokufuna, sinako, kwi Virata, ukunika, nje ngoba kufanele, eyona nto ibubomi bamaqiniso ekufuneka ikona ekulondeni izakiwo zemitambo zomelele zipile kahle. Ku loko umusebenzi wawo omuhle uzwakala ngesikati esincane kangaka. Ukuze kubekona iziqamo ezihle kubalulekile ukuti i Virata isetyenziswe onke amalanga nje ngoba u'yeziwa.

Izimpau zezinhlupeko zemitambo ku Ukupelewa amandhla, Ukungasebenzi kahle kwemitambo, Ukukatala Kwengqondo, Ukudangala, Ukuqanda kwemitambo yezihlati, Ukungalungi kwegazi, Ukungahlali kahle kokudhla esiswini, Umufula wenja, Ukukatala ngumusebenzi omuncane, Isiyezi, Ukuqanda kwamatambo, Ukushayeka inhliziyo, Ubutaka, Uvalo, Ukwalupala ngapambi kwesikati, Iqolo, Isinge esibuhlungu, Izinhlupeko Zesisu, Ukungatandi kudhla, Ikanda elibuhlungu, Ukungatoli butongo, Ukujabula nosizi ngeze, Nesifo Sesinqe.

Funda okukulunywa u Mr. J. M. Molebaloa, okeli lileli c/o Wesleyan Parsonage, Ndabeni Location, Maitland, C.P. oti.

"Imisebenzi yami eminingi nje ngegosa letyalike kwi Wesleyan Church nezifundo ezifuneka kumahlelo amani gi omusebenzi wami, obangele ukufunda nokuloba okuningi emini nakuti lwa, ngapandhle komusebenzi ofuneka kwizintlangaliso Zabazili Bamaqini o engingumupati wako. Ngi umuholi Wehemente, Ugosa Letyalike, Itoloka, Umupati Wekways, Umufundi Wezibhalo Ezingcwele, Umupati Sihlalo Wekomiti ya Besutu. Umusebenzi wami wamalanga onke wangenza ngalahlekwa impilo ngaza ngahlupeka kabi Ikanda, Ukungatoli butongo. Ukupelelwa amandhla, Ubutaka bemitambo, Ukungatandi kudhla, Nokungalungi kwegazi. Ngalinga imiti eminingi epuzwayo ama pills angatola lusizo. Ngelinye ilanga ngalalekwa uma ngilinge i Virata Umupilisi omukulu o ukudhla Kwegazi Ubucopo Nemitambo ngite ngakuqeda u usebenzisa amagabha amatatu angabi nako ukuzwakalisa ukubonga kwami ngokwanele. Manje ngomelele ngipile kahle nginako ukuwenza umusebenzi wami kwibandhla nomusebenzi wami elusebeni lwami. Ngiluleka impala nge Virata ngiyazi ukuti ilungile."

(Ilotywe u) J. M. Molebaloa.

Loku kukulunywa elinene lingenhla kukukuluma komuntu omunye kwizinkulungwane ezifana nalo okunokutolwa kwi ofisi letu.

I Virata ewona muti ulungile kweke yenziwa kuzona zonke izifo Zegazi, Ubucopo Nemitambo namadoda nabafazi azizwa bebutaka bekatelo bafanele ukuyisebenzisa namuhla.

Intengo ngo 3/3 igabha elilodwa kumbe asitupa ngo 18/- nawona onke ama kemisi nezitolo ziwatengisa ngalamazabiso. Uma ungenakuyitola i Virata, lobela kwi Virata Co., P.O. Box 742, Cape Town, ufake imali, siyakukutumela ozina kona, ungakoki zindhleko zeposi.

BHEKA. *Asitumeli masampula e Virata nje ngoba amandhla okulunga kwayo esuziwa kahle kengaka ngoba akufuneki uma kubekona eyoba ilingwe.*

Nali ipaketi, ibala limpofu.

V.

SINDILE.

Umuti Wokuvela Owelapa Ngokukatwa.

Zilonda, Ukusikwa Isixwazi, Izinduna Nezilonda ezibangwa ukuquma kwemitambo, Ukubulawa 'Milenze, Ikunkulo Ukukwelwa iKanda, Nobuhlungu eMhlana.

UYELAPA, UTAMBISE UBUHLUNGU UBUNQAMULE UMUTI WOKUKATWA ABADHLALI

Intengo 1/- elinye, 1/6 ngeDosba Ngeposi 1/2 no 1/8.

Omungunyelwa Ukukohlela.

Iwonawona notshetsha ukwelape ukukohlela kwezinhlobo zonke Nesifuba somoya, Nokuba yini enye esesifubeni nase Mapatshini.

Ibodhlela libiza 1/6, elinye 2/6. Ngeposi 2/- no 3/2.

TOKOZISA IZINGANE ZAKO NGO
EXCELSIOR KA JOHNSTON
Umuti Wabatakati Kubantwana.

1/- no 1/6 iBhokisana. Ngeposi 1/2 no 1/8.

Umhlambululi weGazi.

Kaunakulinganiswa naluto ekwelapeni ukopa, Amatumba Ibuba, Izinso Nesifo esiseskumbeni esivezwa ukungcola kweGazi.

2/6 Ibhodhlel. Ngeposi 3/10.

—UTAKWA NGU—

Fleming Johnston,

(UNKAYISHANA) UMKEMISI.

UKULUMA ULIMI LWABANTU.

Enhlanganweni ka First Avenue no Ascot Street, Ubhekene nesikole esitsha sakwa Hulumeni, Epsom Road.

PHONE 263. P. O. Box 68.

GREYVILLE, DURBAN.